**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU YOKWETHULA UHLELO LOKULUNGISA UMONAKALO WEZIKHUKHULA OGWINI MHLAKA 22 MARCH 2011.**

Mphathi wohlelo;
Amalungu eSishayamthetho akhona;
Amakhosi aseNdlunkulu;
IMeya yoMkhandlu;
Amakhansela;
Izinduna;
Imboni yezokuthutha umphakathi;
Izisebenzi zeminyango yonke ekhona lapha;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;
Abezindaba;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Masibonge ngethuba esilitholile lokuba sizohlangana nomphakathi walapha ogwini sizochaza ngenqubekela phambili esibe khona kule ngxenye yesifundazwe njengoba sizama ukulungisa umonakalo osudalwe izikhukhula kule minyaka emithathu edlule.

Njengoba sazi ukuthi akuyona into elula ukuthi sihlale sihlinzeke zonke izinhlekelele zemvelo emiphakathini yakithi, kodwa njengoMnyango wezokuThutha egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal, sithatha leli thuba namhlanje ukuba sihalalisele imiphakathi yalapha ogwini sithi, “Hhalala ngomsebenzi esibona uqhubeka wokulungiswa kwengqalasizinda yomgwaqo”.

Akusadingi ukuthi umuntu abuyele emuva achaze ukuthi kwenzekani kule ndawo kusukela ngonyaka ka-2008 kuze kube uJanuary walo nyaka. Osekubalulekile manje ngukuthi nani nizibongele ngokuba noHulumeni wentando yeningi okhethwe yinina osebenza ngokungakhathali ukuqinisekisa ukuthi wonke umuntu uthola impilo engcono.

Ukuza kwethu lapha namhlanje kuhambisana nomgomo uHulumeni wethu wentando yeningi owakhelwe phezu kwawo wokuthi abantu kumele babe nolwazi ngezinto ezilethwa kubona futhi babambe iqhaza ekuhlelweni kwama-project. Akumele abantu baze bathathe izinqumo ezingenasisekelo ngoHulumeni wabo kanti benziwa ukungazi ngezinhlelo abalethelwa zona.

Okusempeleni kuhle umuntu achaze ukuthi izinhlekelele zemvelo sezisimise kabi njengoHulumeni kule minyaka embalwa edlule. Njengoba sikhuluma ngokubhidlika kwemigwaqo namabhuloho nje lapha,

kwezinye kukhalwa ngokubhidlika kwezindlu. Kwezinye kukhalwa ngomlilo wequbula ocekela phansi izindlu namadlelo. Mhlambe iningi lethu lapha liyezwa nasezindabeni ukuthi kwezinye izindawo manje sekubhoke nomphezulu ovele ubhubhise umndeni kuvalwe ngehlahla.

Manje uma ubheka imali edingeka kuko konke lokhu, uyabona ukuthi uHulumeni uthwele kanzima kanti kuvele kunezinselelo esisabhekene nazo zokuthi abantu bakithi abaningi, ikakhukazi ezindaweni zasemakhaya, basasilele emuva ngentuthuko. Bheka nje ngoba nango-2008 sasishilo ukuthi umonakalo owadalwa izikhukhula kwingqalasizinda yomgwaqo wawudinga u-R1,1 billion ukulungiswa kodwa sagcina sithole okungenani u-R617 million kumgcinimafa kazwelonke.

Okunye futhi okubuye kwasidalela inkinga njengoba nalapha kusenama-project angakapheli kusukela ngo-2008, ngukuthi sithe singena ngo-2009 saqondana nenzikamnotho ebihlasele umhlaba wonke. Sike sanesimo lapho kuwa ngisho amabhange akoMelika kwadingeka wonke azame izindlela zokonga imali.

Lapha-ke KwaZulu-Natal bese sisebenza ngemali esingenayo ebhange, ebolekiwe, esithi i-overdraft. Siyabonga kodwa manje ukuthi umgcinimafa wethu usephinde wayidedela imali ukuba kuqhutshekwe nemisebenzi ebihleliwe. Manje futhi sekufanele siqedele lapho sasime khona ngaphambi kokuba siqhubeke nezinhlelo ezintsha.

Yikho konke-ke lokhu okumele sikuchaze ukuze abantu bakithi bangaluthwa ngosomathuba babatshele ukuthi asizigcini izibophezelo zethu. Lo Hulumeni oholwa nguMsholozi kuzwelonke noKhabazela esifundazweni awusoze wadlala ngemizwa yabantu.

Nakwezinye izindawo esihamba kuzona ngihlale ngikuchaza lokhu bese nginxusa abantu bakithi ukuthi basibekezelele. Ningakhohlwa ngukuthi isifundazwe sethu sikhulu kanti sinezindawo eziningi zasemakhaya ezisasilele emuva ngengqalasizinda, kanti noMongameli uthe asiqhubeke siqinise kakhulu ezindaweni zasemakhaya ekade zayilangazelela intuthuko.

Elinye iqiniso futhi ngukuthi phela enye inselelo esibhekene nayo KwaZulu-Natal ngukuthi kuke kwadingeka izinhlelo zentuthuko zithi ukulinda zaze zaqala ukuthi kubhekwane nazo ngonyaka ka-2004 ngenkathi lo Hulumeni oholwa i-ANC uthatha izintambo esifundazweni. Siyazi ukuthi bekungenzeki lutho oluphucula izimpilo zabantu ungakathathi uHulumeni kaKhongolose. Yingakho sinibongela futhi ukuthi abanye benu lapha bagcine sebebona ukuthi ngubani okumele ahole uHulumeni wenu esifundazweni.

Nakuba silikhalela leliya shumi leminyaka elalahleka, kodwa siyabonga ukuthi kule minyaka eyisithupha esenisinike yona abantu abaningi sebephumele obala basho ukuthi sebeyawubona

umehluko. Sekuyabonakala ukuthi ishumi leminyaka manje lizophela usumkhulu umehluko owenzekile. Kodwa sikhuluma ngoHulumeni wesifundazwe lapha, mhlambe kusamele sibone ukuthi siluletha kanjani uguquko nakumasipala.

Olunye udaba engithanda ukudlula kulona yilolu lokubambisana kohulumeni basekhaya nowesifundazwe. Inkinga esesiyitholile kwezinye izindawo ngukuthi intuthuko ibanjezelwa ngamakhansela athile kanye nezikhulu zikaHulumeni ezingafuni ukuxhumana neminyango yesifundazwe ukuze kubhekwe ukuthi imiphakathi ingasizakala kanjani ngendlela afanelekile. Kuyacaca ukuthi kusekhona abantu abangakaqondi ukuthi uHulumeni okhethwe ngentando yeningi waba semthethweni usuke sekungowakho noma ngabe awuholwa yiqembu lakho.

Inhliziyo yami ike yaba buhlungu kabi emasontweni amabili edlule kade ngiyokhuluma indaba yomgwaqo odinga ukulungiswa ngapha eCornfields phakathi kwe-Estcourt ne-Colenso. Ngenkathi ngixoxisana nomphakathi ezinye zezinto ezivelile ngukuthi abantu bagugelwa izindlu ngokushesha ngenxa yomuhlwa kuleya ndawo.

Uma ngibuza ukuthi kwagcinaphi ngohlelo lwezindlu olwaluhlongozwe kusaphethe uMabuyakhulu kwezeZindlu, kuvele ukuthi kwathi kuzokuba nomhlangano nabalo Mnyango kwavukwa ekuseni endaweni okuzohlanganelwa kuyona sekubhalwe ukuthi asizifuni izindlu zenu. Awubange usabakhona lowo mhlangano, lwabhuntsha kanjalo-ke uhlelo lwezindlu. Imbude yensumansumane ongayenza njani lena? Angeke saba khona isimo esinjengalesi uma kuphethe abantu abaziyo ukuthi kusho ukuthini ukubuswa intando yabantu.

Manje konke lokhu kwenza ubone ukuthi umphakathi usuyahlupheka ngenxa yokubangisana esikhundleni sokubambisana ngokuthi ngubani oletha intuthuko. Nani lapha siyanixwayisa ukuthi uma nibangisana njalo intuthuko iyohlale ihambela kude nani.

Njengophawu lokuthi siyaqhubeka nokulungisa umonakalo owadalwa izikhukhula kule ndawo, namhlanje uMnyango wezokuThutha egameni likaHulumeni wesifundazwe uyazibophezela ukuthi kwibhajethi yawo usubeke phambili umsebenzi wokulungisa amabhuloho amathathu okuyise-Kelso, iseMalangeni naKwaHlongwa, azophothulwa ungakapheli lo nyaka. Esewonke azokudla isamba sika-R36.3 million.

Neminye imisebenzi ngeke isale imile lapha esifundeni sasoGwini njengoba siyihlelele kusuka kulo nyaka wezimali ka-2011/12 kuya ku-2012/13 ukuba iphothulwe. Lapha sibala imigwaqo efana no-D336 ngaphansi kukamasipala waseVulamehlo ozokudla u-R1.95 million.

Ngaphansi kukamasipala waseMdoni kukhona ibhuloho loMkhomazi elizodla u-R7.5 million, u-P197-3 onezindawo ezingu-7 ezidinga ukulungiswa ngesamba sika-R78.79 million, u-P75-2 ozokudla u-R1.28 million, uMdasha Road ozokudla u-R11 million no-D145 ozokudla u-R1,48 million.

Ngaphansi kukamasipala waseMzumbe kukhona u-D1074 ozokudla u-R2 million, u-D947 ozokudla u-R4.5 million, u-D1075 ozokudla u-R9.7 million, u-L1920 ozokudla u-R14.35 no-D946 ozokudla u-R9.35 million. Ngaphansi kwe-Hibiscus Coast kukhona u-P3-1 ozothatha isamba sika-R16 million no-D927 ozothatha u-R12.5 million.

Ngifuna ukuphetha ngokubuza into eyodwa nje ukuthi ukhona yini ongasusa uHulumeni uma engasohlangothini lwabantu bakhe? Uma engekho-ke ubani okumele aqinisekise ukuthi akasuki lowo hulumeni? Inselelo yenu-ke leyo njengabavoti.

**Siyabonga.**